
Transport
Department:
Transport
**Province of KwaZulu-Natal**

# Igalelo
Online Newsletter

Official Newsletter of the KwaZulu-Natal Department of Transport



***Ngenhla:*** UMnuz Thembinkosi Willies Mchunu ***(kwesikhulu),*** usenguNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi. UMchunu uthathe indawo kaMnuz Bheki Cele (kwesishuthekiwe) osenguKhomishana wamaphoyisa kuzwelonke.

**Profile:**

MEC- Local Government and Traditional Affairs
Member of the KwaZulu-Natal Provincial Legislature
Speaker of KZN Legislature
Deputy Speaker of the KwaZulu-Natal Legislature
Member of the KwaZulu-Natal Provincial Executive Committee (ANC) and Provincial Working Committee of the ANC (1994 to date)
KwaZulu-Natal ANC Deputy Chairperson
KwaZulu-Natal Chairperson SACP
Member of the Central Executive Committee, SACP
Regional Convener and first Chairperson of the Northern Natal Region of the ANC
Trade Unionist with COSATU Affiliates
SANCO KwaZulu-Natal Provincial Working Committee member
Chairperson of Inkosi Albert Luthuli Hospital Board
Founder and Chairperson of Isiphephelo Trust, a benevolent initiative
Chairperson of Cato Manor Development Association Board of Directors


# Phambili nokulwa nobubha!



**Uhulumeni uphake impi yokulwa nendlala esifundazweni ikakhulukazi ekhungethe abesifazane nezingane emakhaya. Labo mama bathathwe benza umsebenzi wokugcina umgwaqo uhlanzekile ngaphansi kohlelo lukaZibambele omama abaningi abaxosha ngalo ikati eziko.**



**Phathani ngenhlonipho amakhasimende enu - Mchunu**
Ikhasi 7




**Isasasa lezinombolo zezimoto zokuzikhethela**
Ikhasi 8




**Awekho amaphoyisa azohlekela izigibengu**
Ikhasi 8

**LALELA IZINHLELO ZETHU KWEZOKUTHUTHA EMISAKAZWENI**

Lalela uhlelo loMnyango kwi Gagasi 99.5 fm

Gagasi 99.5FM
ULwesine
6-7 pm

Transport Ibandla Ukhozi FM
UMSOMBULUKO
11:30-12:00 pm
ULWESIBILI
08:00-08:30 pm
To phone in call
089 310 9193



# UZibambele uyaqhubeka nokuvelela

Imizamo kahulumeni waKwaZulu-Natal yokuqeda ububha isiyaziwa izwe lonke. Kule minyaka edlule uhulumeni ubelokhu evuma amasango okuthuthuka ngezinhlelo ezibhekene nezinselelo ezindaweni zasemakhaya.

Uhlelo lokugcina imigwaqo isesimweni uZibambele ngolunye lwalezi zinhlelo uhulumeni azibheka ngalo ukuthi usehambe ibanga elingakanani ukusimamisa ikakhulukazi abesifazane basezindawni zasemakhaya.

ENingizimu Afrika abantu abahlupheka kakhulu kunabanye batholakala kuleyo mizi ephethwe ngabesifazane. Izibalo zihlale ziveza njalo ukuthi inkulu inkinga ebhekene nabantu besifazane basemakhaya nomama abangabodwa ikakhulukazi.

*Igalelo* livakashele abanye osonkontileka bakaZibambele ukuzothola kabanzi ukuthi lolu hlelo seluzishintshe kanjani izimpilo zabo zaba ngcono.

UNks Thembisile Phungula waseGreytown oyilunga leZinenhlanhla Club, uthi wajoyina uZibambele ngo-2006 ngemuva kokudlula emhlabeni komyeni wakhe abebethembele kuyena ngokubondla. "Kuyinkinga enkulu kumfelokazi ongafundile ukusala ubheke umndeni ngemuva kokwedlula emhlabeni kwenhloko yekhaya. Ngemuva kokujoyina uZibambele ngathola uqeqesho engizokwazi ngalo ukuzimela," kusho uPhungula.

UNksz Thandi Shezi waseNkandla oyilungu loKukhanya Kwesizwe Club uthi ngalolu hlelo bakwazi ukonga imali engu-R20 njalo ngenyanga.

"Ngalolu hlelo, sengikwazile ukuthi ngibeke imali yokufundisa izingane zami. Ngokufuna ezinye izindlela zokwengezelela emholweni wami wanyanga zonke, ngibe senginquma ukuthenga imbewu ngidayise izinto engizitshalile. Sibonga kakhulu kuhulumeni, ikakhulukazi uMnyango wezokuThutha ngalolu hlelo oselushintshe izimpilo zethu zaba ngcono," kusho uShezi.

Ukunakekelwa kwemigwaqo ngokohlelo lukaZibambele kudinga amahora angu-60 ngenyanga, lokhu kusiza ukuthi lowo msebenzi akwazi ukubuye enze eminye imisebenzi eseceleni.

UNks Bekephi Zungu ongaphansi kweSiyethuka Club eGreytown uthi wasala nomthwalo wokukhulisa izingane zika-anti wakhe owabe esebenza ngaphansi kohlelo lukaZibambele ngemuva kokuthi edlule emhlabeni. "Ngale mali ngakwazi ukuthi ngibheke futhi ngifundise izingane ezabe seziqede ngisho umatikuletsheni zaze zedlulela ngisho nasezikhungweni zemfundo ephakeme ngibuye ngikwazi nokukhulusa ezami imbala," kuchaza uZungu.



**Abanye bosonkontileka bakaZibambele (abafake amavesti abomvu) bathathwe enza umsebenzi wokugcina umgwaqo usesimweni. Ababonakala beza emgwaqeni izikhulu zoMnyango ebezihlola ukuqhubeka komsebenzi njengengxenye yokulungiselela ukusabalalisa lolu hlelo kuzwelonke njengokuyalela kukaMengameli wezwe uMnuz Jacob Zuma**

UZungu ubuye athenge amatshwele awakhulise bese ewadayisa ukuze azenzele inzuzo phezu kwale mali ayitholayo ngenyanga.

"Bekunzima ngisho ukwenza into elula njengokufulela indlu yami ngenxa yokuswela imali. Yiwo lo Zibambele ongikhiphe kuzona zonke lezi zinkinga zemali wenza impilo yami yaba ngcono," kuqhuba yena.



**Uhulumeni uqinisekisa osonkontileka abasafufusa baba yingxenye yokwakhiwa kwemigwaqo. Isithombe sikhombisa eminye yemisebenzi esihlomulise kakhulu labo sonkontileka bakaVukuzakhe njengoba bethi sebekwazi ukuzithengela imishini yokusebenza baphinde baqashise ngayo**

# Baxoxa indaba ngohlelo lukaVukuzakhe

Uhlelo wezokuThutha lukaVukuzakhe saKwaZulu-Natal manje luwuhlelo osenguNgqongqoshe uHulumeni wezokuThutha kuzwelonke. ahlose ngalo ukuhlomulisa imiphakathi ngokuthi ibambe iqhaza emkhakheni wokwakha nokuthuthukisa amabhizinisi kanye nokusungula amathuba emisebenzi. Lolu hlelo lwasungulwa uDkt S'busiso Ndebele ngesikhathi esanguNgqongqoshe

Lolu hlelo lukaVukuzakhe selukhiqize osonkontileka abaningi okubalwa kubona iMfihleni Construction ephethwe nguMnuz Mandla Biyela, iThatheni Women Construction ephethwe nguNkk Thatheni Zondi, iFynn Construction ephethwe nguMnuz Pollen Fynn bese kuba yiZwelonke Construction ephethwe nguNoah Maphumulo neWonder Dream yona ephethwe uMnuz Linda Nyandeni.

Bonke labo sonkontileka sebengochwepheshe embonini yezokwakha futhi ngokuvula kwabo izinkontileka bafake isandla ekuvuleleni kwamathuba emisebenzi nokuqeda ububha emiphakathini ehlwempu. Kuyizindaba ezingakholeki ukuthi ngesikhathi labo sonkontileka behambele umhlangano owawubizwe nguNdebele babengazi nanyaka ukuthi uma kukhulunywa ngemboni yezokwakha kusuke kukhulunywa ngani, kodwa ngezinhlelo ezinhlobonhlobo zokuqeqeshwa abazithola eMnyangweni wezokuThutha bagcina sebenabantu ababaqashile basemphakathini phakathi kwabo abaqashwe njengamatoho nabasebenza ngokugcwele.

UNyandeni weWonder Dream uthi kumanje usamangazwe yindlela ibhizinisi lakhe elidlondlobala ngalo njengoba esekwazi ukuthi azithengele izinsiza-kusebenza okubalwa kuzona imishini ehlukahlukene phakathi kwayo okukhona namaloli okwenza kube lula kubasebenzi ukuthi basebenze ngokukhulu ukuzimisela nangokushesha.

UBiyela weMfihleni Construction uthe: "Ngiyaziqhenya kakhulu ngokwakha umgwaqo u-P399, oseMgungundlovu futhi kimina lokhu kuyimpumelelo enkulu kakhulu". Uthi kumnika okukhulu ukweneliseka ukuthi alale azi ukuthi wenze omkhulu umehluko ezimpilweni zabantu abebenganazindlela zokuziphilisa kodwa njengamanje asebenemisebenzi abakwazi ngayo ukuthi bondle imindeni yabo.

Labo sonkontileka bazinikele kakhulu emsebenzini wabo lokhu kungenxa yokuthi ayibaniki inzuzo kuphela kodwa iyelekelela ekusimamiseni umnotho wakuleli lizwe. Kusobala ukuthi labo sonkontileka bayawuhlonipha umsebenzi wabo njengoba uThatheni ethi: "Kuyangijabulisa ukuthi ngenze kahle kakhulu emsebenzini wami wokwakha isikhumulo sezindiza iKing Shaka eseLa Mercy. Uqhubeka uthi yena neThatheni Women Construction bayabonga bayanconcoza kuHulumeni waseNingizimu Afrika ngokubanika ithuba ekubambeni iqhaza ekwakhiweni kwalesi sikhumulo samabhanoyi esinomlando.

Uqhuba uthi unesiqiniso sokuthi uhlelo lukaVukuzakhe kumele lwenabele nakwezinye izifundazwe kanti lokhu uthi kungaba yisisombululo kulo bubha obuhlasele lelizwe.

Impumelelo yezinhlelo uVukuzakhe noZibambele isiholele ekutheni uMongameli wakuleli uMnuz Jacob Zuma ajube uNdebele ukuthi izinhlelo ezifuze lezi zenabele nakwezinye izifundazwe. Lolu hlelo lungolunye kwezinngi ezigqamise iKwaZulu-Natal zayenza yaba yisibonelo esihle kwezinye izifundazwe ngezinhlelo ezenzayo.



**UKhonzeleni Nhlenyana oseyimfolomane yoZibambele uxoxa indaba ingajwayelekile ngohambo lwakhe kusuka ekubeni usonkontileka kaZibambele agcine eseyi-Field Support Officer ebhekene nokusebenza kosonkontileka. Lapha ubethamele omunye wemihlangano yokucobelelana ngolwazi kulo mkhakha.**

# Uhambo lwempumelelo engajwayelekile kuZibambele

Ziningi izindaba zempumelelo ezixoxwa osonkontileka bakaZibambele ukuthi sebekwazi kanjani ukuxosha ikati eziko nokuthi sebekwazi ukuziqalela amabhizinisi abo njengendlela yokuphuma kulolu hlelo badedele abanye abaseza. Kodwa le exoxwa nguNkhonzeleni Nhlenyana waseJozini yehlukile kulezo ezixoxwa ngabanye abantu. Njengabanye abaningi uNhlenyana ubeyilungu lohlelo lokulungiswa komgwaqo uZibambele.

Uyilanda kanje: "Bengingumuntu omusha ongasebenzi ngisanda kuqeda uGrade 12 ngingenayo imali yokuqhubeka nezifundo zami. Ngase ngijoyina uhlelo lukaZibambele ngilungisa umgwaqo uD1834 osuka eMakhathini Research uya eMbhoza eJozini".

Njengelungu likaZibambele ukhombise ikhono lokuhola njengoba imfolomane (Field Support Officer) ibixhumana naye ukuthola ukuthi obani okumele bafakwe njengamalungu ngaphansi kwalolu hlelo.

UNhlenyana ubehlala azi ukuthi wayebekelwe izinto ezinkulu zodwa empilweni njengoba ngemuva kokungena kuZibambele uthole izincwadi zokushayela nezimbeke lapho esekhona manje. NgoDisemba 2008 wakhushulelwa esikhundleni sokuba yiField Support Officer (FSO) emgwaqeni abevele esebenza kuwona njengonkontilaki kaZibambele.

"Kwangethusa kakhulu ukuthi ngiqokelwe ukuba yiFSO, kungenza ngizithobe futhi ngithokoze ukuthi umphakathi uyangethemba futhi uyakholelwa kimina," kuqhuba yena.

Echaza ngomsebenzi wakhe omusha njengeFSO uthi: "Ngisebenza kakhulu namalungu kaZibambele ngibuye ngiqaphe ukukhokheleka kwabo, ngibuye ngisebenze nezimemba ukuvuselela ubulungu babo, ukubala okumbalwa nje".

Yini le emgqugquzelayo? "Uthando enginalo ngabantu nokulangazelela ukusiza lapho ngingakwazi khona. Kuyisifiso sami ukwenza umehluko ezimpilweni zabantu nemindeni yabo. Njalo ngosuku ngazibekela umgomo wokuthi kumele ngifeze okuthile, njalo ngosuku kuyisifiso sami ukusiza okungenani umuntu oyedwa".

Ufisa ikusasa lakhe limphatheleni? Ngenhlansi yethemba emehlweni akhe uthi: "Ngifisa ukuzibona ngiqhubekela phambili kulokhu engiyikhona njengamanje noma nje ngigcine sengiyi Civil Technician njengoba lokhu kuyiphupho lami leminyaka".

---

# Lusabalala nezwe lonke uhlelo lokulwa nobubha

Emizamweni yokuqinisekisa ukuthi impi yokulwa nendlala iyanqotshwa, uMnyango wezokuThutha neMisebenzi yoMphakathi eNorth West usanda kutheleka KwaZulu-Natal ukuthekela ulwazi ngezinhlelo zokulwa nobubha ezingaphansi koMnyango wezokuThutha wakulesi sifundazwe.

Lezi zinhlelo zihlanganisa uhlelo lokulungiswa kwemigwaqo uZibambele, uhlelo losonkontileka abasafufusa uVukuzakhe noSiyazenzela okuwuhlelo lokukhuculula imfucuza.

UMongameli wezwe uMnuz Jacob Zuma uhlabe ikhwelo kuyona yonke iminyango yezokuthutha ezifundazweni ukuthi isebenzise lezi zinhlelo kulandela ukuphumelela kwazo KwaZulu-Natal.

Phakathi kwethimba laseNorth West bekukhona noMasipala waseRustenburg ozoqala maduze nje ukufaka uSiyazenzela endaweni yakhona. USiyazenzela wuhlelo lokufukula imiphakathi okuhloswe ngalo ukuphucula izinga lokuthuthwa kwemfucuza ezindaweni zasemakhaya nasemijondolo. Ekugcineni lolu hlelo luqinisa umsebenzi wezingadi zomphakathi, lugcine indawo ihlanzekile kugwemeke izifo, kuphele nokuphila ngokukhangeza.

Ngalolu hlelo sekusunguleke amathuba emisebenzi angu-310 KwaZulu-Natal. Ukusebenza kwalolu hlelo kuyingengxenye ye-Expanded Public Works Programme (EPWP) ngaphansi kwezokongiwa kwemvelo nezamasiko. NjengoMnyango wezokuThutha njengomgqugquzeli we-EPWP, iwona oqinisekisa ukusatshalaliswa kukaSiyazenzela koMasipala bese bona beqhubeka nalo.

Njengamanje bathathu oMasipala abangaphansi kwalolu hlelo okubalwa kubona iHibiscus Coast enamalungu angu-200, uMsunduzi onamalungu angu-50 noMnambithi onabangu-60.

Izivakashi sazeNorth West zibe nethuba eliyingqayizivele lokukhuluma nezakhamizi zaseJika Joe ezingamalungu kaSiyazenzela. Efakaza ngendlela lolu hlelo oluyishintshe ngayo impilo yaba ngcono, uZibuyile Ngcobo uthe: "Umndeni wami bese kuyinhlalayenza ukuthi ulale ukhalelwa izisu kodwa ngemuva kokuthi ngijoyine lolu hlelo lukaSiyazenzela sengiyakwazi ukubeka ukuxosha ikati eziko emndenini".

Lokhu akukona okokuqala kwakhiwa ubudlelwano bezifundazwe ngokusebenzisa izinhlelo ze-EPWP. Kube nokubambisana phakathi koMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal noMnyango wezeMisebenzi yoMphakathi kuzwelonke okuholele ekusungulweni kohlelo okokuqala ngaphandle kwesifundazwe saKwaZulu-Natal kuMasipala iThulamele, eLimpopo ngo-Okthoba wangonyaka owedlule.



**Kulindeleke ukuthi uhlelo lokulwa nobubha uSiyazenzela lusabalale nakwezinye izifundazwe njengoba lapha kubonakala izithunywa zikahulumeni waseNorth West ebezihambele KwaZulu-Natal ukuzothekela ulwazi ngalolu hlelo. Esithombeni, abasebenzi bebekala imfucuza yabo phambi kwaleli thimba ngaphambi kokuba bathole imihlomulo yabo**

# UMnyango utshale imali ku-2010

## Abantu abaningi batitiliza amathuba emisebenzi



**Eminye yemisebenzi yokulungiselela iNdebe yoMhlaba ka-2010 ngukulungiswa kwalo mgwaqo oya esikhumulweni sezindiza iKing Shaka International Airport enyakatho yeTheku. Uhulumeni utshale imali eningi kulezi zinhlelo esezihlomulise nosonkontileka abasafufusa njengoba kubonakala ebhodini (kwesokudla) lomunye umsebenzi.**

UMnyango wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi KwaZulu-Natal ubuka iNdebe yoMhlaba njengesizoletha olukhulu uguquko kwezokuthutha ezweni. Ezokuthutha kuzomele zikwazi ukusimamisa ezomnotho kuleli lizwe nangemuva kuka-2010.
Kuyinhloso kahulumeni ukuqinisekisa ukuthi ukutshalwa kwezimali wezokuthutha nengqala-sizinda kumele kuhlomulise isifundazwe sonke nalo lonke izwe.
Emlandweni waseNingizimu Afrika, kunemali etshalwe kuyo yonke imikhakha yezokuthutha - amabhasi, izitimela, amatekisi, imigwaqo nezindiza, okukhombisa ukusabalala kwentuthuko okungakaze kubonwe ezweni.
Injongo enkulu kukhona konke lokhu ukuzinikela kukahulumeni ekuqinisekiseni uhlelo lwezokuthutha oluphephile, olutholaka ngesikhathi nolungambi eqolo kubantu bakithi nangemuva kuka-2010.
Uhulumeni uyaqinisekisa ukuthi ingqala-sizinda yezokuthutha izohamba elide ibanga ukubhekana nezinselelo ezindaweni zasemedolobheni nezasemakhaya.
Isamba semali esingaphezu kuka-R3,4 billion itshalwe emisebenzini engahlangene nokuthutheleka kwezivakashi zamazwe omhlaba nje kodwa ezosetshenziswa ukuthuthukisa nomnotho esikhathini esizayo.

### Ngokufingqiwe

Ukwakhiwa nokuthuthukiswa kwemigwaqo yasemakhaya namabhiliji kwenza ingxenye ebalulekile yokuthuthukiswa kwengqala-sizinda. Izakhamizi zasemakhaya nazo ziyadinga ukuba nendlela yokuhamba ukuya ezindaweni zokubuka ibhola nabo bazizwe beyingxenye yesizwe esilungiselela ukufika kuka-2010 nangale kwawo.
UMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal emizamweni yawo ukuhlangabezana nezidingo zengqala-sizinda ukulungiselela u-2010 nangale kwawo ubeke lezi zindawo ezilandelayo ukuba kuthuthukiswe imigwaqo.
Lezi zinhlelo zemigwaqo zizothuthukisa zibuye zibheke ukuhamba kwezimoto ziphikelela ezinkundleni zemidlalo nasezikhumulweni zezindiza esifundazweni.

### Ethekwini Municipality - Umgwaqo u-R102

Lolu hlelo luhlanganisa ukuthuthukiswa komgwaqo omkhulu ongamakhilomitha angu-16 ukusuka emizileni emibili ukuya kwemine emgwaqeni ophakathi kukaDuffs Road neKing Shaka International Airport namakhilomitha amathathu kuMain Road 94 ukuba ube nemizila eyisithupha phakathi kweMount Edgecombe Interchange ukuya kuN2 ukwenza lula umthamo wezimoto nakweminye imingenelelo eyasikhumulweni sezindiza.

### Ukuthuthukiswa kwendawo yebhola eMgungundlovu

Ukulungiswa komgwaqo u-P399 ophakathi kweTaylors Halt nakwaNxamalala kuzoba nomthelela ekuthuthelekeni




kwezimoto eziya maphakathi nenkaba yedolobha futhi kuzohambisana ne-Intermodal Public Transport Facilities nokuzokwenza kube lula ukuhamba kwezithuthi zomphakathi ukufinyelela ezindaweni ezahlukene.

### Ukuthuthukiswa kwendawo yebhola oGwini

Kulo Masipala wesifunda, ukulungiswa kwemigwaqo okwehlukene sekuqalile futhi kulindeleke ukuthi kuphele ngaphambi kokushaya kuka-2010. Ukulungiswa komgwaqo u-P68 ozoxhumanisa Umgodi neLushaba ukuya eSt Faiths ozoba nendawo yabahamba ngezinyawo ukusukela eHighflats ukuya ePort Shepstone nawo usuqalile ukulungiswa futhi kulindeleke ukuthi kuthi kuqala unyaka ozayo ube usuqediwe. Irenki nayo kumele ibe isiphothuliwe ukwakhiwa ukwenza ukuhamba kwezithuthi zomphakathi kube lula.

### Ukuthuthukiswa kwendawo yasoThungulu

Kulo Masipala wesifunda, iRichards Bay izosetshenziswa njengankambu. Izinhlelo ezisemgqeni zihlanganisa ukwakhiwa kuka-P496 (John Ross Highway) phakathi kweMpangeni neRichards Bay, u-P325 osuka KwaNongoma uya eMtubatuba. Ezinye izinhlelo ezikhona u-P700 osuka Olundi uya Empangeni no-P230/P240 osuka Ongoye uye eMhlathuze River ogudla eShowe ukuya Empangeni. Irenki yezithuthi zomphakathi yona kulindeleke ukuthi iqedwe ngaphambi kuka-2010.

### Ukuthuthukiswa kwendawo yebhola yaseMajuba

Ukwakhiwa komgwaqo u-P296 ohlanganisa uBuhle-boMzinyathi nasoSizweni udlulele eDundee ukuya eNewcastle kuzobe sekuphothuliwe ngaphambi kokushaya kuka-2010. Izinhlelo zonke ezikoMasipala bezifunda zizothathwa njengezibalulekile zenziwe zibhekele nesikhathi esingemuva kuka-2010.

UMnyango wezokuThutha uzinikele ekusebenziseni zonke izinhlaka zezokuthutha ukwenyusa umnotho nokusungula amathuba omsebenzi kubantu baKwaZulu-Natal. Umbono woMnyango othi "impumelelo ngezokuthutha" ubalula ukuthi yonke imisebenzi yoMnyango nendlela yokuletha izidingo emphakathini ihlose ukuthuthukisa umnotho nezimpilo zabantu zibe ngcono.

# Izingozi zomgwaqo zibhebhethekisa ububha ezweni



**Izingozi zomgwaqo zinomthelela omkhulu ekwandeni kobubha ezweni. Ugogo uShezi usesele yedwa engenaye umuntu omondlayo kulandela ukushona kwamalungu omndeni engozini yemoto. UMzukhona Shezi (26), uZwelihle Shezi (36) nonkosikazi wakhe u-Andiswa Mahobe (27) nezingane zabo ezimbili okunguWandile (6) noMinenhle ononyaka owodwa babekwe endaweni yabo yokugcina eNqabeni eHarding. Phakathi kwababe-hambele lomngcwabo iNhloko yoMnyango wezokuThutha yaKwaZulu-Natal uMnuz Chris Hlabisa. UHlabisa ubal-ule ukuthi izingozi zomgwaqo zidla leli lizwe imali ebalelwa kuR56billion minyaka yonke.**

# Iba nzima impilo ngemuva kwengozi yomgwaqo



**INhloko yoMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal uMnuz Chris Hlabisa ubingelela amalungu emindeni ethinteke ezingozini zomgwaqo njengoba uMnyango unohlelo lokuhambela laba ukuze uthole izimo ezahlukene ababhekana nazo ngemuva kwezingozi.**

Uhulumeni usebenza kanzima ukuqinisekisa ukuthi iNingizimu Afrika iba indawo ephephile nengcono kubantu bonke. Kodwa inselelo ekhona ngukuthi phezu kokuzibophezela kwezokuphepha, kusaqhubeka ukufa kwabantu emigwaqeni.

Ucwaningo luveza ukuthi isibalo esikhulu sezingozi zidalwa ukuphulwa kwemithetho yomgwaqo, okusho isidingo esiphuthumayo kushintshe indlela yokuziphatha nokucabanga kwabasebenzisa umgwaqo.

Lo hulumeni ukholwa ngukuthi abashayeli ababudedengu banesandla esikhulu ekwandiseni ubuphofu kulelizwe. Zibalelwa ku-R56 billion ngonyaka izindleko ezidaleka ngokulimala nokufa kwabantu ezingozini zomgwaqo.

Abantu abangenacala bashiya imindeni yabo ihlupheka ezweni elisebenza kanzima ukudlulisa isimo esibi esashiywa uhulumeni wobandlululo kubantu abaningi bakuleli.

Ithimba le Igalelo lisanda kuvakashela eminye yalemindeni ehlukunyezwe izingozi zemigwaqo. Kucacile lapha ukuthi impilo iyashintsha ibe nzima kakhulu kumalungu omndeni asele ngemuva kwengozi.

Imindeni iyambona umuntu ehamba ekuseni ilindele ukuthi imbone esebuya ntambama kodwa lokho kungabe kusenzeka. Okunye ukuthi kushona abantu abasebenzayo nabondlayo emakhaya njengoba sekunezingane eziningi eseziphethe amakhaya.

UNks Maureen Majola waseNanda ungumama okhulile ongasebenzi nowalahlekelwa ngumyeni wakhe engozini yemoto ngo April 2007. Umyeni wakhe uMnuz Simon Mahlaba, wayeziphilisa yena nomndeni wakhe ngamatoho laphaya nalaphaya kwaze kwaba ushayiswa imoto ngesikhathi eqa umgwaqo eya esitolo.

Imoto eyamshayisa yabaleka yena wabe esephuthunyiswa esibhedlela sase Mahatma Ghandi, nalapho ashonela khona ngo 1:30 ekuseni. UMajola wasala nomthwalo wokubheka izingane eziyisithupha yize wayengatholi mali yesibonelelo evela kuhulumeni noma uxhaso oluvela emndenini.

Wayengazi lutho ngesikhwama se-Road Accident Fund (RAF) nokwenza angakhokhelwa ngokulahlekelwa kwakhe. UMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal ophikweni lwezophepha emgwaqeni lunikezela ngosizo olumahhala kubantu abafana noMajola abafuna ukusizakala ku-RAF.

UNks Nelisiwe Gama, naye oqhamuka eNanda, walahlekelwa ngudadewabo engozini eyenzeka ku-M25. Ongasekho uNks Bongiwe Gama wayehamba ngetekisi ntambama lina izulu eya emsebenzini ngesikhathi umshayeli ehluleka ukulawula itekisi yaphaphalaza ngenxa yesivinini esiphezulu.

"Okubuhlungu kukho konke lokhu ukuthi ngangisendleleni ngibuya emsebenzini, sadlula ngakuyo ingozi kodwa akufikanga engqondweni yami ukuthi udadewethu angaba ngomunye wabasengozini. Ngaba nesikhathi esinzima ngizama ukumthola njengoba engabuyanga ekhaya ubusuku obubili. Ngabheka zonke izibhedlela endaweni yangakithi kodwa wayengaveli ndawo. Ekugcineni kukhona abangitshela ukuthi ngiyobheka emakhazeni nalapho ngafike ngawuthola khona umzimba kadadewethu," kusho uNelisiwe ngokukhathazeka.

UBongiwe ushiye abantwana abathathu bonke abangaphansi kweminyaka engu 14 nabangatholi mxhaso kuhulumeni. U-RAF uphezu kohlelo lokulungisela lo mndeni imali yesinxephezelo.

UMnyango nososeshini wosomatekisi othintekayo banikela ngosizo emindenini ethintekayo. UMnyango wakhokhela izindleko zomngcwabo. Izingane zikaBongiwe zaphazamiseka kakhulu ngokulahlekelwa ngumama wazo engozini enyantisayo kangangokuthi indodana yakhe endala uNtokozo akenzanga kahle nasesikoleni.

Nokho useyaqala ukukwazi ukubhekana nesimo sokulahlekelwa umama. Ngenxa yokulahlekelwa ngumama wakhe ngale ndlela, usekhethe ukuba ijaji uma eqeda isikole, lokhu ukwenza ukuze aqondise abasebenzisi bomgwaqo abaphula umthetho.

# Amabandla ezenkolo kumeleasebenzisane nohulumeni



**INhloko yoMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal uMnuz Chris Hlabisa (phakathi kwesokudla) noMfu Selby Khumalo (phakathi kwesokunxele) wezindaba zezenkolo eHhovisi likaNdunankulu bahambisana nabefundisi bebandla leTwelve Apostle Church in Christ ngenkathi kunomgubho waminyaka yonke waleli bandla eMgababa eningizimu nogu lwesifundazwe.**

INhloko yoMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal, uMnuz Chris Hlabisa usenxuse umphakathi wamabandla ezenkolo ukuba usebenzisane nohulumeni ekuqiniseni ukuphepha emigwqeni nokusimamisa isifundazwe.

UHlabisa ubekhuluma kwizinkulungwane zabalandeli bebandla i-Twelve Apostle Church in Christ emgubhweni wabo waminyaka yonke eMgababa, ogwini oluseningizimu. Lo mcimbi ubuhambisana nomgubho kazwelonke wosuku lwabesifazane.

Uthe uhulumeni uzimisele ukusebenzisana nebandla ekwenzeni ngcono izimpilo zabantu.

"Ngonyaka odlule kuphela, leli lizwe lilahlekelwe ngabantu abangu 15 000 ezingozini zomgwaqo. Lezi zingozi zidalwa wukushayela ukhathele, ukushayela ngesivinini esikhulu, ukuphuza bese ushayela noma uphuze bese uhamba ngezinyawo emgwaqeni, izimoto ezingakulungele ukuba semgwaqeni kanye nesimo sezulu esibi. Konke lokhu kubhebhethekisa ubuphofu ezweni.

"Ngakho-ke njengohulumeni sizimisele ukusebenzisana nebandla ngezindaba inhlalakahle yabantu baKwaZulu-Natal. Sinxusa wonke amalungu ebandla ukuba asilekelele ukushumayela umyalezo wokuphepha emgwaqeni noma kuphi lapho sihamba khona. Amabandla ezenkolo anegalelo elikhulu ekwakheni izimilo zomphakathi," usho kanje.

Uphinde wagqugquzela amalungu ebandla nomphakathi wonkana ukuthi uziphathe ngendlela izinhlelo zikahulumeni wesifundazwe ezakhelwe ikakhulukazi ukubhekana nezinselelo ezidalwa ngukwehla kwamandla omnotho emhlabeni wonke.

"Uhulumeni usebenza kanzima ukususa izinsalela zobandlululo kubantu abaningi kuleli lizwe. Zonke izinhlelo zalo hulumeni ziqonde ukusiza abampofu nababencishwe amathuba phambilini," kusho uHlabisa.

Lezi zinhlelo zihlanganisa uhlelo lokudla i-Food Security Programme olukhuthaza ukwenziwa kwezingadi emakhaya, emasontweni, emitholampilo nasezindawe zomphakathi. Enye

## Uhlelo oluqinisekisa ukuphepha kwabafundi emgwaqweni










**Uhlelo lokuwelisa abafundi emgwaqeni i-Scholar Patrol Programme luhlose ukufundisa izingane zesikole ukuba zikwazi ukubona izindawo ezifanelekile ukuwela umgwaqo. Zingaphezulu kuka-125 izikole ezibambe iqhaza kulolu hlelo olusiza kakhulukazi ekunciphiseni izingozi zomgwaqo. I-Cosmo Primary eseMkhambathini kanye neStanger Manor Primary zingezinye zezikole ezivakashelwe yileli phephandaba ukuzibonela mathupha okwenzeka kulolu hlelo. Okuhle ngalolu hlelo ukuthi abanye abantwana bakwazi ukufundisa abanye ozakwabo. Ngalolu hlelo uMnyango uhlose ukufundisa abafundi ukunakekela emgwaqweni besebancane ukuze babe abashayeli abavuthiwe kusasa.**

*'Impumelelo ngezokuthutha'*

1




2



3



# Phathani ngenhlonipho amakhasimende enu - Mchunu

UNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi KwaZulu-Natal uMnuz Willies Mchunu usenxuse amaphoyisa omgwaqo kulesi sifundazwe ukuthi aphathe ngenhlonipho amakhasimende awo – abasebenzisi bomgwaqo - abuye anakekele kahle nezibhamu zawo.

UMchunu ubekhuluma ngesikhathi kunomcimbi wokuvulwa ngokusemthethweni kwekolishi lamaphoyisa omgwaqo eMgungundlovu muva nje kulandela ukulungiswa kabusha. Lo msebenzi wokulungisa ikolishi udle abakhokhi bentela imali ebalelwa ku-R20 million. Kusukela laqala ezimweni ezingagculisi ngo-1966, leli kolishi selimumatha izitshudeni zamaphoyisa omgwaqo ezingu-120 ngesikhathi esisodwa.

UNgqongqoshe ukholelwa ukuthi abantu abajoyina iRoad Traffic Inspectorate (RTI) kumele bangenzi ngoba beswele umsebenzi, kodwa ngoba bezimisele ngokusebenzela ukuphepha emgwaqeni.

"Lokhu kulungiswa kabusha kwaleli kolishi kugcizelela kona ukuthi uMnyango wezokuThutha uyawazisa umthwalo onawo ngokomthethosisekelo wokuqinisekisa ukuphepha kwabantu nokuthi ezokuthutha zisesimweni esifanele esifundazweni.

"Leli kolishi lingelihamba phambili hhayi kuphela kulesi sifundazwe nasezweni kuphela kodwa nasemazweni omhlaba, lokhu sikubona ngezivakashi zase-Afrika nezangaphesheya kwezilwandle ezilokhu zithutheleke njalo ukuzobona ukusebenza kwethimba lakwa RTI," kusho uMchunu.

Sesiside isikhathi ikolishi lamaphoyisa omgwaqo KwaZulu-Natal lithathwa njengelihamba phambili uma kuqhathaniswa namanye. Ngo 2005 leli kolishi laba ngelokuqala ukugunyazwa nge-LGSETA ngomthetho we-SAQA. Leli kolishi futhi linegunya ngokwe-Safety and Security SETA lokuqeqesha amaphoyisa omgwaqo ekusetshenzisweni kwezibhamu.

Njengamanje angu-102 amaphoyisa aqeqeshwayo isikhathi esiyizinyanga eziyisithupha. Ngonyaka ka-2010 angu-520 amaphoyisa amasha azobe eseqeqeshiwe kuleli kolishi.

**1. UNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi KwaZulu-Natal uMnuz Willies Mchunu (kwesokudla) neNhloko yoMnyango uMnuz Chris Hlabisa bebevula ngokusemthethweni ikolishi lamaphoyisa omgwaqo eMgungundlovu muva nje**

**2. Ubuthebelele besakhiwo esisha sekolishi lamaphosisa omgwaqo.**

**3. Amaphoyisa omgwaqo abeviliyela enanela ukuvulwa kwekolishi lawo elisha lapho esezoqeqeshwa kangcono endaweni enkulu nenezinsiza ezanele.**

# Liyenyuka isasasa lezinombolo zezimoto zokuzikhethela




**Kwesokunxele: UNonhlanhla Bhengu noHolizwe Ndlovu bakhombisa ngezinye zezinombolo zezimoto abantu abazikhethela zona. Uhulumeni uthi wakha imali eningi ngalolu hlelo ephinda izosiza umphakathi ngezidingo.**

Kwakungunyaka ka-1996 ngenkathi uMnyango uqala uhlelo lwezinombolo zezimoto abantu abazikhethela zona. Kusukela lapho uphiko loMnyango iMotor Transport Services lwaqalisa ngokudayisa izinombolo ezithile ezikhethekile, njengokuthi NP 123456, kubashayeli bezimoto baKwaZulu-Natal.

Ukwedlula lapho, ngokwentshisekelo yoMnyango yokunikezela ngokwakha imigwaqo ezindaweni zasemakhaya, kwaphinda kwethulwa uhlelo lwezinombolo zokuzikhethela ngenhloso yokuthi imali etholakala lapho ilekelele ekwakhiweni kwemigwaqo yasemakhaya.

Lokhu kusho ukuthi akubanga ukubhekelela izidingo zabanikazi bezimoto nje kuphela, kodwa naleyo miphakathi eyabe incisheke amathuba okufinyelela ezikhungweni zosizo lwezempilo, izikole, nokunye. Umphakathi onezimoto KwaZulu-Natal wakuthakasela ukuzwa ukuthi sekusungulwe iPersonalised Number Plate (PLN) esifundazweni.

IKwaZulu-Natal isifundazwe sokuqala ukwethula lolu hlelo lwe-PLN. Njengokujwayelekile nakwezinye izinhlelo kube sekusabalala eNingizimu Afrika yonke ukudayiswa kwalezi zinombolo ngo-1997, kwaqala iMpumalanga Kapa kwalandela iNtshonalanga Kapa ngo-1999, ngemuva kwalokho kwalandela iGauteng ngonyaka ka-2000. Zonke lezi zifundazwe zavakashela KwaZulu-Natal, kwathi ngosizo lwethimba labakwa Choice Numbers bafunda ngokusebenza kwalolu hlelo KwaZulu-Natal.

Ukuqanjwa kwegama elithi "Choice Numbers" kwenziwa ngemuva kokuthi owayephathiswe ezokuThutha uDkt Ndebele enikeze umphakathi ithuba lokuzikhethela izinombolo abazithandayo uma befuna okungezabo bodwa.

Okunye okungumehluko ngalolu hlelo kwaba ngukuthi i-number plate kumele yehluke njengoba yenziwa yaba mhlophe bese ibhalwa ngokuluhlaza esifundazweni saKwaZulu-Natal.

Selokhu uhlelo lwePLN lwaqala ngonyaka ka-1997 inani selenyuka ukusukela ku-R1500 ngenani lika-R 584 eminyakeni engu-12 eyedlule ukuya ku-R 2084 sekuhlangene ne-number plate. Lokhu sekuholele ekutheni kuwbe nemali engenayo isikhathi eside. Ukuze kubekwe inani elingu-R1500 ekuqaleni kwabhekwa ingakanani imali engakwazi ukukhokhwa ngumuntu ojwayelekile mhlambe ayikhokha ngesudi.

Ukusukela ngoMashi 3, 1997, alinganiselwa kwangu 46 901 amapuleti asedayisile nokwenza isamba semali esingu-R76 million kuze kuba yimanje. Uma ubheka ukuthi lolu hlelo lumakethwe lwabuye lwalawulwa yiMTS egcina inani liphansi, kuyacaca ukuthi inzalo eyakhiwa lapha iyinani elifanele.

Ngenxa yabantu abaningi ababekhalela ama-number plate ezimhlophe ezinombalo omnyama ezithuthini zomphakathi ezifana namatekisi lolu hlobo lwaphasiwa iNhloko yoMnyango lwase lwethulwa ngoMashi 2004. Nalolu hlelo futhi luliphakamise kakhulu izinga lokudayiswa kwePersonalised Licence Numbers lwabajabulisa kakhulu nabanikazi bamatekisi.

Njengohlelo lokumaketha, ihhovisi leChoice Numbers luhambela imibukiso yezimoto, libe nemitomulo, lwenze imibukiso, nokunye ezindaweni ezihlukene ezisenxanxatheleni yezitolo, nokwenza kwenyuke isibalo sezicelo ngaphezu kwalokhu. Ukudayiswa kwePNL kuyaphindaphindeka.

Yize ukudayiswa kwePNL bekukhombisa ukuba yimpumelelo enkulu, iKwaZulu-Natali ibinombono wokwenza le mpumelelo ukuba ibe nkulu kakhulu, uma nje izinombolo eziyisikhombisa zingatholakala emphakathini kunalezo eziyisithupha. Ukwethulwa kwezinombolo eziyisikhombisa zePNL KwaZulu-Natal kungavunyelwa ukufakwa kwenhlanganisela kodwa futhi kubhekelelwe labo abazosebenzisaizibongo bese kuthi izinombolo eziyisithupha zona zingeke zibhekelelwe, e.g. NDEBELE, HLABISA MTSHALI, MADONDO, MAHARAJ, MOODLEY, MITCHEL, JOUBERT, njll.

For more information please call 033 395 1869 or visit their offices at 230 Prince Alfred Street in Pietermaritzburg. You can send them a fax on 033 345 3332/3350 or send them an email at *choicenumbers@kzntransport.gov.za*

# Amaphoyisa awasoze ahlekela izigebengu



**UNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnuz Willies Mchunu (kwesokunxele), uNgqongqoshe wamaPhoyisa kuzwelonke uMnuz Nathi Mthethwa noKhomishana wamaphoyisa kuzwelonke uMnuz Bheki Cele bebevula isiteshi samaphoyisa eNanda enyakatho yeTheku muva nje**

Enye yezindlela uhulumeni aqinisa ngayo impi yokulwa nobugebengu ukuthuthukisaingqalasizinda. Lokhu kuhlanganisa iziteshi zamaphoyisa ezanele nokusebenzekayo kuzona.

Lokhu kuzinikela kukahulumeni kufakazelwa wukwakhiwa kwesitshi samaphoyisa saseNanda, eThekwini esidle isamba sika-R43 million.

Ekhuluma ngesikhathi kuvulwa lesi siteshi esisha uNgqongqoshe wamaPhoyisa kuzwelonke uNathi Mthethwa uqinisekise izakhamizi zakule ndawo ukuthi lesi sakhiwo singesazo.

"Lesi siteshi singesinye seziteshi okuqinisekiswa ngazo ukulwa nobugebengu nokuthi izigebengu zazi ukuthi ngeke zime indleleni yomphakathi othanda ukuthula nogcina umthetho. Njengoba sikulesi sikhathi esisha nje sombuso, siqhubekanomoya wokuthi isihlelhli noma ngabe kunzima kanjani. Kumele sisebenzisane ekulweni nobugebengu sikhulule izwe lethu kubabulali abangenazwelo," kusho uMthethwa.

Phakathi kwabebehambele lo mcimbi kubalwa uNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi kulesi sifundazwe uMnuz Willies Mchunu noKhomishana wamaPhoyisa kaZwelonke uMnuz Bheki Cele.

Izakhamizi zakule ndawo zizwakalise ukujabula zibonga uhulumeni njengoba zikholelwa ekutheni ubugebengu buzophelelwa yindawo bese ziba nethemba lokubona ubungcono endaweni. "Izinga lobugebengu kule ndawo liphezulu kakhulu sesibeke ithemba lethu kulesi siteshi esisha samaphoyisa ukubuyisa inhlansi yethemba," kusho omunye wabahlali.

Ukusebenza kwalesi siteshi kungaphansi kweso likaMqondisi Vukani Mgobhozi nothe lesi siteshi sinezinselelo eziningi nezizodinga ukuthi basebenzisane nomphakathi ukuqinisekisa kokulethwa kwezidingo eziseqophelweni eliphezulu.